

Vuk'uzenzele



Produced by Government Communications (GCIS)

English/isiZulu

| Nhlangulana 2019 Ushicilelo I



The people's President



ALSO AVAILABLE ON:



@VukuzenzeleNews

Vuk'uzenzele

Websites: www.gcis.gov.za

www.vukuzenzele.gov.za


Email: vukuzenzele@gcis.gov.za

Tel: (+27) 12 473 0353

FREE
COPY

Presidential Inauguration Special Edition

Umkhankaso we-YES unikeza intsha amaphiko okundiza



Umkhankaso We-nsizakalo Yoku-qashwa Kwe-ntsha (i-YES) uhlose uku-nikeza abantu abasha abayisigidi abangasebe-nzi umsebenzi okhokhe-lwayo esikhathini semi-nyaka emithathu.

Lomkhankaso wasungu-lwa uMongameli Cyril Ramaphosa, uluhlelo oluhlose ukulungisele-la abantu abasha umse-benzi ubahlinzeke ngamakhono ezobuchwe-pheshe adingekayo ukwese ka ukungena komkhakha wezimboni kwezomnotho.

I-YES iphinde ibe umza-mo wokubambisana no-hulumeni, abasebenzi namabhizinisi ukuze ku-qinisekiswe ukuthi abantu abasha baseNingizimu Afrika bakulungele uku-ngenem emisebenzini.

Kuze kube namuhla, umkhankaso we-YES usu-kwaze ukutholela abantu abasha abangasebenzi amathuba omsebenzi ayi-zi-17 000.

Uma ungumuntu ose-mncane futhi ungatha-na ukuba yingxene yomkhankaso we-YES na-khu okudingeka ukwazi;

Luthini uhlaka lokufaneleka kwentsha ukuba ibe yingxene yohlelo lwe-YES?

Intsha ye-YES kumele ibe:

- Ngumuntu omnyama, njengokuhambisana nencazelo yohlelo Lokuthuthukiswa Kwabamnyama Kwezomnotho (i-BEE).
- Neminyaka yobudala ephakathi kweyi-18 nengama-34 (njengoba le kuyincazelo yomuntu omusha); futhi abe yisakhamuzi saseNingizimu Afrika.
- Uhlelo lwe-YES akulona olwentsha efuna ukushintsha imisebenzi kodwa olwentsha njengamanje engasebenzi.

Yiziphi iziqu zemfundo ezidinge kayo ukuze ube yingxene yoMkhankaso we-YES? Ingabe umuntu ongenaziqu zasenyuvesi angabhalisa?

I-YES yenzelwe abantu abasha abamnyama abanga-sebenzi abaneminyaka yobudala ephakathi kweyi-18 nengama-34,

kungakhathaliseki izingalemfundu eliphothuliwe.

Niyakwazi ukusiza intsha ehlala ezindaweni zasemakhaya?

I-YES ihloselwe intsha yaseNingizimu Afrika emnyama noma ngabe ihlala kuphi kuleli.

Ingabe i-YES iyahlizuka izinhlangano ezingekho ngaphansi ku-kahulumeni (ama-NGO) namabhizinisi asemancane ngamathuba okuxhaswa ngezimali, amahhovisi okusebenzela nomina nemishini yokusebenza?

Uhlobo lokwesekwa olu-hlinzekwa yi-YES kumabhizinisi nama-NGO akulona usizo lwemali, kepha ukuthuthukiswa ngokolwazi namakhono kanjalo nokufakwa kwabantu abasha emabhizinisini abo njengendlela yokuhlinze-ka izinsiza. Ngebhadi, asi-kwazi ukuhlinzeka ngo-sizo lwezimali, amahhovisi okusebenzela noma imishini yokusebenza nomi-ke indlela yokuxhuma-na nabanye ababambi-

qhaza.

Ingabe i-YES ibasiza kanjani osomabhizinisi abasha abasafufusa? Ingabe ibaxha ngezimali?

Ngeshwa, i-YES ayihlinzeki ngokwesekwa ngezimali kosomabhizinisi abasha abasafufusa. Kodwa-ke, singasiza amabhizinisi asemasha (ama-SMME) ngokuwahlizeka ngentsha enogqozi, enentshisekelo nobuciko.

Nginebhizinisi elincane futhi ngingathanda ukusebenzisa intsha ye-YES, kodwa angikwazi ukuyiholela. Ngingazibandakanya kanjani ku-YES?

Uhlelo lokufakwa ohlwini kwabaqashi abazofukamela intsha esafunda umsebenzi kuyingxene yohlelo lwe-YES. Izinkampani ezi-finyelela imigomo ye-YES zingakhetha ukufaka intsha emabhizinisini azo noma kuma-SMME ayingxene ngokohlelo lwezinkampani ezingabafukameli abaxhasi-we, ngaphandle kwezindle-

ko kulowo ozofukamela intsha. Umuntu osemusha uzosebenza ebhizinisini elifikamelayo isikhathi sezinyanga eziyi-12 futhi uzokhokhelwa yinkampani exhasayo.

Ngingayikhetha intsha engifuna ukuyifukamela?

Yebo, ungakwazi ukukwenza lokho futhi sizosebenzisana nawe ukuze ukhethe umuntu ofanele inkampani yakho.

Ingabe umuntu omusha lowo angaxhaswa isikhathi esingaphezu konyaka owodwa?

Cha, intsha ye-YES ixhawa isikhathi esiwunyaka owodwa. Uma unquma ukusebenzia lowo mutu omusha we-YES emva kwesikhathi leso sonyaka owodwa, khona-ke kuzofanele umholele umholo.

Sengibhalisile vele. Ingabe ukufakwa kwentsha emathubeni omsebenzi kuzoqala nini?

Njengamanje siphakathi kwenqubo yokusungula amathuba omsebenzi, noku-yinqubo eyinkimbinkimbi futhi ethatha isikhathi eside.

Kodwa-ke, ithimba lethu lisebenza kanzima ukuze lifeze umsebenzi wethu wokudala amathuba omsebenzi ayisigidi esisodwa kuleyo ntsha yaseNingizimu Afrika engasebenzi. Uma se-siwasungulile lawa mathuba omsebenzi, sizobe sesiqa-la ukuyifaka ezindaweni zokusebenza. Uma ubhalisile, sizokuthinta. V

Ngibhalisa kanjani ukuze ngibe yintsha ye-YES?

Sicela ungene kuwe-bhusayithi yethu ethi: www.yes4youth.co.za/youth-registration lapho ungabhalisa njengeNtsha ye-YES.